Inkanyiso, 3 September 1891

NEWSPAPER: *Inkanyiso*
DATE: 3 September 1891, p6.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

MNGANE,-Ake uvume ungibekele amazwana ami angemangaki, ngipendule umnumzana wakiti, u Mr. T. P, Fakazi wase Groutville.

Yebo kambe, mfo wetu, amazwi ako epepeni No. 68, August 6, 1891, wena uqinisa ngokuquba lowo mkuba esiwusolayo tina wokuyakukuleka endhle ebusuku, ngaloko uze ungikombise izahluko ze Vangeli, lapo uti lomkuba niwutabata kona. Qa, wena ka baba, aniwutabati lapo, abe ufunde amazwi ami engipendule ngawo u Mr. S. Nyongwana, uyakufumana kahle ukuthi nipambene kakulu ne Vangeli. Nakuzo izahluko lezi ongitshengise zona kaiko neyodwa indawo lapo i Nkosi yaka yamema kona abaPostoli kanye nabesifazana yaya nabo endhle iyakukuleka. Ailungile indhlela yabafana nabesifazana namadoda kanyekanye ebusuku, kufike kwenziwe isililo esikulu; kuyakuba loko, futi sekukube abaningi. Izimbuzi zingehambe nengwe ebusuku zingalondwe muntu, kodwa lihle lelo tuba kwabalilisayo. Angisatandi ukupikisana nani ngalol'udaba, sengiyayeka, akuko muntu ongapikisana newa.

Owako
MAGEMA MAGWAZA

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.